

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English\isiZulu

| UNTulikazi 2017 Ushicilelo 1



Youth demands accepted by government

Page 5

Honour Mandela by fighting poverty and violence

THE TRIPLE CHALLENGES of unemployment, poverty and inequality are at the root of many social issues. They can lead to anger and violence. This year, Mandela Month is dedicated to fighting these challenges, which will help free South Africa from the cycle of violence.

Noluthando Motswai

In July we celebrate the birth and legacy of Nelson Mandela. Government has called on all South Africans to honour his memory by working together to make women and children safer.

Every year on 18 July – Mandela’s birthday – the people of South Africa and the world set aside time to make a difference in their communities. Nelson Mandela International Day, declared by the UN in 2009, commemorates the service of Mandela.

As President Mandela once said: “Our children are our greatest treasure. They are our future. Those who abuse them tear the fabric of our society and weaken our nation.”

This year’s Mandela Day will be dedicated to fighting poverty.

The Nelson Mandela Foundation points out that poverty is the root cause of much of the violence in South African society.

The foundation’s CEO, Sello Hatang, has said, “People must be reminded that it’s not just about doing 67 minutes of good and that we must bring about sustainable social change in the lives of our people.”

“In the heart of it, we’re saying the violence that is rooted

Cont. page 2



Skills and jobs from KZN road project

Page 9



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0405

Free Copy

OR Tambo on Nelson Mandela: "His inspiration lives on in the heart of every African patriot. He is the symbol of the self-sacrificing leadership our struggle has thrown up and our people need. He is unrelenting, yet capable of flexibility and delicate judgment. He is an outstanding individual, but he knows that he derives his strength from the great masses of people, who make up the freedom struggle in our country."

Source: www.sahistory.org.za

Life and legacy of
OR TAMBO.
100 YEARS



Sebehlolwa abakhulelwe ukuze bathole abantwana abanempilo engcono



UKUZE KUQINISEKISWE UKUTHI OMAMA NABANTWANA

banempilo engcono, uMnyango Wezempilo muva nje wandise inani lezikhathi abesifazane abakhulelwe abaya ngazo ezibhedlela nasemtholampilo bayoxukuza lisuka kwezine liya kweziyisishiyagalombili.

Intatheli yakwa-GCIS

Owesifazane okhulelwe ohlolwa abanakekeli bezempilo uvame ukuthi abe namathuba amaningana okuba kuhambe kahle ukukhulelwa kwakhe, futhi athole umntwana onempilo kangcono nonamandla.

Ngenxa yalesi sizathu, uMnyango Wezempilo muva nje wandise inani lokuza emtholampilo kahulumeni kwabesifazane abakhulelwe bazoxukuza lisuka ezikhathini ezine liya ezikhathini eziyisishiyagalombili.

UNgqongqoshe Weze-

mpilo u-Aaron Motsoaledi ukhuthaze abesifazane abakhulelwe ukuba balisebenzise leli thuba lokuya kaningi emtholampilo.

Liyokwenza ukuba abasebenzi bezempilo abaqeqeshiwe bathole izinkinga zezempilo futhi bazelaphe bese behlola nezinye izinkinga ezingase

ziphakame. Lokhu kubaluleke kakhulu kulabo abaqalayo ukuthola abantwana.

“Sithemba ukuthi ngaleli nani elandisiwe lokuya emtholampilo bayoxukuza, abesifazane abakhulelwe bayokwazi nokuhlolwa umfutho wegazi njalo, bahlolwe umchamo,

kuqashwe ukukhula komntwana nokunyakaza ukuze kuqinisekise ukuthi ukukhulelwa kwabo kuphephile futhi bathole abantwana abanempilo, ngoba noma yikuphi ukwephuza kungase kubangele ukufa obekungagwemeka,” kusho uNgqongqoshe. **V**

Kungani kubalulekile ukuba abesifazane abakhulelwe bayoxukuza?

- Abesifazane abakhulelwe kufanele baye emtholampilo noma kudokotela ngokushesha ukuze bayoxukuza. Ukusheshe uye emtholampilo uyoxukuza, nokuqhubeka uya ngazo zonke izinsuku obekelwe zona, kuyiqinisekisa ukuthi uba nempilo lapho ukhulelwe futhi uthola umntwana onempilo.
- Lapho uya okokuqala uyohlolwa umfutho wegazi, isisindo, ulethe isampula lomchamo, uhlolwe amagciwane athathelwana ngocansi futhi uhlolwe neSifo Sofuba (i-TB).
- Lapho uya ngokuzayo uyohlolwa igazi kanye nengane engakazalwa futhi welulekwe ngokwengqondo. Abahlengikazi nosonhlalakahle bayobe bekhona ukuze baphendule imibuzo yakho emayelana nokukhulelwa.
- Umlingani, umngane noma ilungu lomndeni kamama kufanele lihambane naye njalo lapho eyoxukuza. Kubalulekile ukuba umama abe nomuntu amethembayo ozomsekela ngesikhathi ekhulelwe, esikwa nalapho eteta. Loku kusekela kubaluleke kakhulu ukuze ube nempilo lapho ukhulelwe futhi uthole umntwana onempilo.



Uhlelo lokuxukuza

- Loku kuvakasha okuyisishiyagalombili kufane kwenziwe ngala maviki okukhulelwa:
- Okokuqala: iviki le-14 ukhulelwe
 - Ukuvakasha kwesibili: iviki lama-20 ukhulelwe
 - Ukuvakasha kwesithathu: iviki lama-26 ukhulelwe
 - Ukuvakasha kwesine: iviki lama-30 ukhulelwe

- Ukuvakasha kwesihlanu: iviki lama-34 ukhulelwe
- Ukuvakasha kwesithupha: iviki lama-36 ukhulelwe
- Ukuvakasha kwesikhombisa: iviki lama-38 ukhulelwe
- Ukuvakasha kwesishiyagalombili: iviki lama-40 ukhulelwe

Kungani kunokuvakasha okuyisishiyagalombili?

- Ukuhlolwa njalo komfutho wegazi nomchamo
- Ukuqashwa kaningi kokunyakaza komntwanakho
- Ukusheshe kutholakale noma yiziphi izinkinga futhi zelashwe
- Kuyovumela ukuba uhlolwe iGciwane leSandulelangculazi (i-HIV). Uma une-HIV, loku kuvakasha kuyokusiza ukuba unamathele ekwelashweni ngamakhambi okudambisa i-HIV, ukuze uhlale unempilo futhi uvimbele ukuthelela umntwana nge-HIV.

I-MomConnect


I-MomConnect, uhlelo lwe-intanethi olusebenza ngomakhalekhukhwini lwabesifazane abakhulelwe olusiza ekunciphiseni ukufa komama nezinsana. I-MomConnect yenza abesifazane abakhulelwe nomama abanabantwana abancane kakhulu abangaphezu kwesigidi bakwazi ukuthola izinsizakalo ezisemqoka nolwazi lwezempilo.

I-MomConnect inemigomo emithathu:

- Ukubhalisa umntu ngamunye okhulelwe esikhungweni sezempilo sikahulumeni.
- Ukuthumela ama-SMS aqondene nomama ngamunye kuye ngezidingo zabo. Imiyalezo iyoba yisikhumbuzo sokuza emtholampilo noma ulwazi oluyomsiza azinakekele kangcono yena nomntwanakhe.
- Ukwenza uhlelo lwempilo lufinyeleleke kangcono kwabesifazane.



Isebenza kanjani?



Amabhizinisi amancane athola usizo lwezobuchwepheshe

IZINKAMPANI EZINCANE NEZIPHAKATHI

NENDAWO eMpumalanga Kapa zizozuza kwezobuchwepheshe obusha ngobumbano oluphakathi kwe-Vodacom neNhlangothi Yosomabhizinisi yesifundazwe.

Siya Miti

Inhlangothi Yosomabhizinisi yaseMpumalanga Kapa (i-ECCOB) nenkampani enkulu yezokuxhumana i-Vodacom baye basayina isivumelwano sobumbano sokuletha izinsizakalo emabhizinisini asafufusa (ama-SME) esifundazweni.

Esayina isivumelwano eMonti muva nje, umphathi omkhulu weBhizinisi e-Vodacom uVuyani Jarana wathi osomabhizinisi abaqala ibhizinisi babenomthwalo wokwenza zonke izinto, kusukela ekubeni imenenja yezokukhangisa kuya ekubeni isazi sezochwepheshe. Oluhlelo lusha lokusekela ezobuchwepheshe luzokwehlisa lo mthwalo.

“Umgomo wethu ekugcineni ukwenza zonke izinkinga zolwazi lwezobuchwepheshe kwezokuxhumana (i-ICT) nezokusebenza zibe yinqubo engenazithiyo emabhizinisini amancane,” kusho uJarana. “Lokhu kuyokwenza bakwazi ukugxila emisebenzini yabo esemqoka ngaphandle ko-

kuphazanyiswa.”

IMpumalanga Kapa yisifundazwe sokuqala sokusayina lesivumelwano sobumbano ne-Vodacom. Le ndlela entsha iya yavunywa nguNdunankulu kanye noNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa Komnotho Esifundazweni.

Ukufukula amabhizinisi

Amabhizinisi amancane yiwo ayokwazi ukufinyelela kuqala kule ndlela ehlohlwayo yezixazululo yakwa-Vodacom. Lokhu kuhlangothi i-*Business Booster*, uhlelokusebenza lwe-intanethi olusebenzisa umakhalekhukhwini livumela abantu abahwebayo nabantu abaqeqeshiwe ukuba banikeze isinqumelo sentengo, ama-invoysi futhi bamukele inkokhelo ngesikhathi besebenzini.

Lezi zinsizakalo ekugcineni ziyoyiswa kulo lonke elaseNingizimu Afrika. UJarana wathi lezi zixazululo ziyofukula ukuncintisana kwamabhizinisi amancane eNingizimu Afrika,

nakulo lonke elase-Afrika.

“Umnotho osebenzisa ezobuchwepheshe yiwo obaluleke kakhulu oletha ukukhula, izindlela ezintsha nokuncintisana ezwekazini futhi maningi amathuba owaphathele izwe laseNingizimu Afrika,” esho. “Amabhizinisi amancane kumelwe amukele umnotho wezobuchwepheshe futhi ubumbano lwethu ne-ECCOB luphawula ukuqala kohambo lwezobuchwepheshe olujabulisayo.”

Ukuthuthukisa ukukhula

I-Vodacom izoletha izinto zokuqeqesha le nhlangothi yamabhizinisi kanye namalungu ayo, futhi iyisize yamukele izinsizakalo zama-SME.

U-Andile Nontso, unobhala-jikelele we-ECCOB, wathi isivumelwano sizosiza isifundazwe sonke. “Lolu bumbano luzohamba ibanga elide ekuthuthukiseni ukukhula kwamabhizinisi amancane



Umphathi omkhulu weBhizinisi e-Vodacom uVuyani Jarana usayina isivumelwano sobumbano noVuyisile Ntlati, umongameli weNhlangothi Yosomabhizinisi yaseMpumalanga Kapa. (Isithombe: Vodacom)

eMpumalanga Kapa, lokho okuyobe sekufukula umnotho wesifunda.”

Ngokwe-Vodacom, ubuchwepheshe bayo bokusekela ama-SME buyisixazululo esitholakala kubo bonke abasebenzisa oomakhalekhukhwini bakwa-Vodacom. Lezi zinhlelo zobuchwepheshe zizovumela ama-SME ukuba asebenze noma kuphi noma nini.

Enye insizakalo ezoledwa ngalolu hlelo yi-*One Net Business*, ehlanganisa omakhalekhukhwini ncingo lwesendlini lwezinkampani.

Amabhizinisi aseMpumalanga Kapa angathanda ukuthola ulwazi oluthe xaxa angaxhumana noBukeka Soyizwapi ku-ECCOB kule nombolo: 047 531 4979 noma nge-imeyili:

bsoyizwapi84@gmail.com

Ihhovisi le-NYDA e-Delmas lisho ukuthi intsha isizothola izinsizakalo eziningi



I-NYDA manje isinikeza izinsizakalo kubantu abasha baseNingizimu Afrika emalokishini nasezindaweni zasemakhaya. (Isithombe: GCIS)

Intatheli yakwa-GCIS

UMasipala i-Victor Khanye neNhlangothi Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) baye bahlangana ukuze bavule ihhovisi elisha edolobhaneni lase-Delmas. Leli hhovisi lizoletha izinsizakalo nasentsheni yaseMpumalanga.

Usihlalo we-NYDA uSifiso John Mtsweni wathi le nhlangothi kudingeka ifinyeleleke entsheni ezweni lonke. “Abantu abasha batholakala emalokishini nasezindaweni zasemakhaya. Kungani amahhovisi e-NYDA engekho emalokishini nasezindaweni zasemakhaya? Lena ingenye yezinto zokuqala esifuna ukuzishintsha.”

Ehhovisi, intsha yase-Delmas iyokwazi ukufaka isicelo sokuthuthukisa imfundo yayo ngemifundaze nangoxhaso lwe-*Solo-*

mon Mahlangu Scholarship Fund. Abeluleki bayonikeza nokuqeqesha kwezekhompuyutha, amakhono okuphila, iseluleko mayelana nomsebenzi, nokunye.

Izinsizakalo zosomabhizinisi

Kosomabhizinisi abancane, ihhovisi lase-Delmas liyonikeza ukwaziswa ngamathuba amabhizinisi. Intsha nayo iyokwazi ukufaka isicelo soxhaso lwe-NYDA sokuqala nokuthuthukisa amabhizinisi ayo.

Ihhovisi lase-Delmas yihhovisi lo-kuqala lamahhovisi amane amenyezelwe yi-NYDA enkulumweni yayo yesabelo-mali yamuva nje. Ngaphezu kwamanye amahhovisi ayi-15 e-NYDA namahhovisi angama-200 entsha ezweni lonke, iyonikeza izinsizakalo ezifanayo, kodwa futhi yiphrojekthi esaqalwa ezonikeza izinsizakalo ze-*wi-fi* kuwo wonke amahhovisi e-NYDA.